# 1. Isikole sami

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Le ndaba yenzeka kuphi nendawo?
2. Ucabanga ukuthi imayelana nani le ndaba?




Ngingu-Anele. Lesi isikole sami esihle. Lithini igama lesikole sakho?



Ubani igama lengane esendabeni? Igama lesikole sayo?
Ingabe zidlala muphi umdlalo izingane. Lithini igama lesikole sakho?



9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 1 2025/10/10 18:12





Sithandaziswa uthisha uCele. Naziya izingane zebanga loku-1.



Ubani uthisha obingelelwa abafundi?
Bakuliphi ibanga abafundi abathandazayo?



9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 2 2025/10/10 18:12




Weee! Usefike kuqala uMisi.

Ngiyabona ngamehlo engqondo umisi ethi, jeqe.
Kungani kunomfundi othi "Shhh...Shh..." kwabanye abafundi?



9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 3 2025/10/10 18:12



Namuhla sidla imiphako yethu.
Kusasa sizodla ukudla okuphekwe esikoleni.

Ngiyazibuza ukuthi bayaphana yini uma omunye engenawo umphako. Kungabe kunawo umsoco ukudla kwabo?
Kusasa bazodla ukudla kwakuphi?




9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 4 2025/10/10 18:12

# 2. Ikilasi lami

## Imibuzo ngaphambi kokufunda:

1. Sixoxele ngokuthanda ngekilasi lakho.
2. Bala amagama amathathu ozakwenu ofunda nabo ekilasini.




"Buka ikilasi lami. Ikilasi lami linamaphosta amibalabala."

Imiphi imibala ebhalwe kumaqoqo abafundi abasesithombeni esingenhla?



9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 5 2025/10/10 18:12




"Ngesikhathi sokufunda sihlala phansi kumata sibheke silalele uthisha. Nina nihlala kanjani?"

Nihlala kanjani uma nilalele indaba efundwa uthisha?
Benzani abafundi ngesikhathi sokufunda?



9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 6 2025/10/10 18:12




"Uma sibale kahle siyaklonyeliswa."



Buka isithombe esingenhla, baklonyeliswa ngani uma bebale kahle? Engabe babala bafike kubani. Wena isiphi isifundo osuke waklonyeliswa kuso?



9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 7 2025/10/10 18:12




Sisho umlolozelo uma sigeza izandla.
Kumnandi ekilasini.

Ukhuluma ngani umlolozelo?
Ngabe bayawonga yini amanzi uma begeza izandla?



9781779892089_m01_plt_lan_g01_bb_zul_za.indd 8 2025/10/10 18:12